REMARKS BY ETHEKWINI MUNICIPALITY MAYOR CLLR CYRIL XABA ON HERITAGE DAY IN INANDA, 27 SEPTEMBER 2027

- Prgogramme Director
- Cllr Siyabonga Mfeka of Ward 55
- Ubuholi bomphakathi
- Umphakathi waku Ward 55

Sanibonani

Kuyintokozo enkulu kumina ukuthi ngibe yingxenye yalomcimbi wanamhlanje lapho sigubha khona usuku lwamagugu.

Ngalolusuku siyakhunjuzwa ngokubaluleke kwamagugu ethu nendima ayidlalayo ekuthuthukiseni imiphakathi yethu.

Indawo yaseNanda engenye yezindawo lapha eNingizimu Afrika enothe kakhulu ngamagugu.

Lena indawo lapho kwazalwa khona izingqalabutho zombutho wesizwe I African National Congress. Nebandla elikhulu lamaNazaretha lasungulwa kuyona lendawo. Siphinde sibe nezikole ezimbili ezafunda abaholi abanohlonze nabadlala indima ebalulekile ezweni lethu ekuyi Nanda Seminary noHlange High School.

Ingakho futhi noMongameli wokuqala wentanto yeningi Ubaba uNelson Mandela athatha isinqumo sokuthi azovotala lapha eNanda Ohlange High School ngokhetho lokuqala lwentando yeningi. Lokhu wakwenza ngoba efuna ukubika kubasunguli balombutho oDokotela Langalibalele Dube (Umafukuzela) kanye noDokotela u-Pixley ka Isaka Seme ukuthi izwe lethu selikhululekile.

Ngakhoke, siwuMkhandlu sifuna ukuzibophezela ekutheni sesebenzisane nazozonke izinhlaka ezikhona endaweni kanye nobuholi ukulondoloza lomlando. Ingakho sathatha nesinqumo sokuthi lendawo siyenze I heritage route.

Sine Community Tourism Organisation ekhona lapha eNanda esisebenzisana nayo kahle kakhulu ekuthuthukiseni umkhakha wezokuvakasha ngokusebenzisa lamagugu nomlando esinawo.

Kuyasikhathazake mphakathi ukuthi yize iNanda inomlando omuhle kangaka kodwa iphinde ibe yindawo edume ngezinto ezingezinhle njengobugebengu. Njalo uma kuphuma ama crime statistics, Inanda ihlale ihamba phambili emacaleni okubulala nawokudlwengula.

Lokhu kusho ukuthi kufanele sibambisane namaphoyisa siwanikeze ulwazi ngezigebengu ezihlalise umphakathi lubhojozi ukuze sisiqede lesisihlava. Siyawubonga umsebenzi amaphoyisa aqhubekayo nokuwenza wokuqeda lezizigebengu, kodwa adinga ukuthi siwaseke. Nathi siwumkhandlu sizoqinisekisa ukuthi siyayilungisa ingqalasizinda enjengomgwaqo, sisike izihlahla notshani, sikhanyise nogesi engaqweni ukuze amaphoyisa nomphakathi ezokwazi ukuzibona kahle lezizigebengu.

Ngiyazike futhi ukuthi enye inkinga enkulu lapha eNanda udaba lwamanzi. Kunemali ewu R56 million esayifaka ukulungisa i-pump

station eyalimala laphaya eNtuzuma ekuyiyona ekwazi ukudlulisa amanzi ezindaweni ezifana neNanda, Machobeni naseLindelani. Lomsebenzi uzoqedwa ngoNovember kulonyaka. Siyathemba kakhulu ukuthi lokhu kuzodala umehluko omkhulu ekulethweni kwamanzi endaweni.

Esinye isinqumo esasithatha esokuthi sizithengele ama water tanker ethu siwumkhandlu ukuze sinciphise lawa esiwaqashayo. Lokhu kuzosisiza nokuthi sikwazi ukulandela indlela asebenza ngayo.

Ukuze siqede amanzi avuzayo sesiqale nohlelo lokuqasha o-Plumber ngaphakathi ukuze sikwazi ukuvala amapayipi avuzayo esikhathini esingango 24 hours kubikiwe. Sifisa umphakathi ubambisane nathi ngokuthi uyeke ukuzixhumela amanzi nogesi ngendlela engekho emthethweni ngoba lokhu kulimanza ingqalasizinda.

Sicela nisilekelele futhi ngokuthi kukhokhelwe ama services ngoba iyona lemali eyenza sikwazi ukuletha izidingo emphakathini.

Ngalamazwi nginifisela usuku oluhle. Asiqhubeke nokuqhakambisa nokulondoloza amagugu ethu.

Ngiyabonga